BT NEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI
www.btnews.co.za • 31 May 2026

DeComms
Painting Services
• Residential & Commercial
• Paint & Stain Finishes
• Skimming
• Deck Finishing & Maintenance
Contact number: 072 284 1191
Email: mazoemt@gmail.com

# Seziphenduke owabaphangi izakhiwo zodumo eMlaza

**Thobile Blose**

IZAKHAMIZI zaselokishini laseMlaza ngaphansi kukaMasipala weTheku zikhala ngokunganakwa kwezakhiwo ebezisiza umphakathi muva nje eseziphenduke umhhume wabaphangi.

Lesi sakhiwo ebesaziwa ngokuthi Umlazi Shopping Centre sekukhala ibhungane kanti lapho bekunezitolo eziningi kodwa manje sekuphenduke ihlane njengoba nabaqaphi besakhiwo bengasabonwa nangokhalo

Kuzona zombil lezi zakhiwo sekukhala ibhungane kanti lapho bekunezitolo eziningi ngaphambi kokungena kukahulumeni omusha sekuphenduke ihlane njengoba nabaqaphi besakhiwo bengasabonwa nangokhalo.

Umphakathi ukhala ngokuthi lezi zindawo ziwulethela ubugebengu okubalwa kubo ukusetshenziswa kwezidakamizwa nodlame olwehlisa ezokuphepha nezinga lempilo.

Lesi simo singabhebhethekisa izifo ezinhlobonhlobo ngenxa yokungcola kwendawo nokunganakwa kwayo kanti ibiyigugu laseMlaza zingakakhiwa izithabathaba zezitolo (malls).

Usihlalo we-Community Policing Forum eMlaza uMnuz Sibusiso Mazibuko ukhala ngokuthi abahlali bendawo babanjwa inkunzi kulezi zakhiwo uma bephuma emsebenzini.

"Aziphephile neze nogesi awusekho okwenza kube nzima ukwenza umsebenzi wethu njengababhekeleli ezokuphepha abalekelela amaphoyisa.

"Uma kumnyama yilapho izinswelaboya zisebenza khona kakhulu, zisina zizibethela ngobugebengu kanti nathi izimpilo zethu nezomphakathi esiwugadayo ziba sencupheni. Sifisa zivuselelwe lezi zakhiwo kubuye impilo yaphambilini," kusho uMnuz Mazibuko.

Ikhansela likaWadi 82 uMnuz Sibusiso Cele zikhona izingxoxo esezike zabakhona zokuvuswa kwalezi zakhiwo yize ebengeyona ingxenye.

Uthembise ukuthi uma esenikezwa ithuba uzowazisa umphakathi ukuthi uzovikeleka kanjani kulezi zakhiwo kanjalo nokuthi libheke kuphi ikusasa lazo, kanjalo nesixazululo esizowujabulisa.

Lesi simo sifikisela umunyu uma ucabanga lapho kusukwa khona kulwelwa ukukhula kwabamnyama emabhizinisini asezindaweni zabo.

Isiqubulo esasihamba phambili sasithi: Akuphi amadoda aKwaZulu?


Lapha kuseMlazi Centre obekunenxanxathela yezitolo kodwa sekuphenduke ihlane njengoba utshani kukutshela ngokwenzekayo.

MOSTERT PEST CONTROL
For safe and effective pest control, fumigation, disinfecting, sanitizing & fogging services
Fleas
Weed Control
Fish Moths
Wood Borers
Bees & Spiders
Termites
Rodents
Ants
Bed Bugs
Cockroaches
We service:
• Offices & Malls
• Residential
• Clinics & Medical centres
• Warehouse
• School & Universities
• Restaurants
• Public Transport
GUARANTEE QUALITY GUARANTEE
FREE QUOTATION
Contact Monica on
072 284 1191
or email
dbn@mostertpestcontrol.co.za
www.mostertpestcontrol.co.za

ABC GR Grassroots CERTIFIED PRINT RUN | AIP ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS | Press Council FAIR



BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI
- Facebook: BTNews
- Instagram: btnews2023
- Email: promotions@btnews.co.za
- Website: www.btnews.co.za




# Kuqhakanjiswe ukubaluleka kwemfundo eSiphingo

ZiSHIYELANE inkundla ngokubaluleka kokufunda izihambeli zomcimbi iWorld Book Day obuse__Orient Primary School eSiphingo muva nje.

UNKS Sbongile Lembede obemele i_Anton Lembede Foundation uthe imfundo ayikhulelws futhi ayinamkhawulo.

Ulinganise ngoyise u_Anton owafunda waba nguthishs nommeli yize ayesekhulile.

"Ukuze ube ngumholi oqotho, ohlonishwayo kufanele ugqugquzele ukufunda. "Ubaba wayengahlukani nencwadi efunda ngaso sonke isikhathi asitholayo, ngisho esehlane eluse izinkomo wayenencwadi ayifundayo," kusho uSbongile.

Usihlalo weSGH uNksz Balindile Gumede ugqugquzele abazali ngokunikeza izingane isikhathi sokufunda, bazilekelele kukho konke ezidinga ukukwazi.

"Lolu wusuku olubalulekile empilweni yomfundi kanjalo nomuntu ophilayo emhlabeni. "Ayiphele le nhlamba ebhekiswe kwabamnyama yokuthi uma ufuna ukubafihlela ulwazi, bhala phansi ngeke baluthole ngoba abafuni ukufunda," kusonga uMnuz Magubane.

UTatum Naidoo ofunda eKamalinee Primary engumakhelwane, unxuse ozakwabo ngokufunda kunoma yisiphi isikhathi abasitholayo.

Lokhu uthi kumnike nogqozi lokubhala incwadi yakhe yopopayi asanda kuyethula emphakathini.



UNksz Sibongile Lembede obemele I-Anton Lembede Foundation.



Uthishanhloko uMnuz Tau Magubane ubonge zonke izihambeli zalo mcimbi nalabo abawuxhasile ngezindlela ezahlukene.

Esinye sezikhulumi u-Tatum Naidoo ongumsunguli nombhali wencwadi ebizwa nge-Tatum and max playtime adventures naye enkulumeni yakhe ugqugquzele abafundi ngokuthi basebenzise lonke ithuba abalitholayo ukuzicija ngemfundo kusho uTatum ofunda eKamalinee Primary School eSipingo Hills.




Abaxhasi abakhulu bomcimbi bavela eSuper Spar Isipingo.



UNontobeko Ngubane ehamba nozakwabo bemele iSipingo Librarians.



UBalindile Gumede ungusihlalo we-SGB eOrient Hills Primary School. ***Izithombe: Thobile Blose***

BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

YOUR MONTHLY COMMUNITY **FREE** NEWSPAPER

You can book your space via email: btnewsbookings@gmail.com

**Contact No:** 063 421 3035

**www.btnews.co.za**

CONTACT THOBILE BLOSE NOW TO ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!

Email: btnewsbookings@gmail.com




Send us a WhatsApp to subscribe and receive the newspaper via WhatsApp 063 421 3035

ETHEKWINI MUNICIPALITY
IThekutalks
KEEPING YOU IN THE KNOW
NGO-2030 ITHEKU LIYOBE LINGU NGQA PHAMBILI

# Kuqiniswa umkhankaso weTheku wokuphepha emililweni ebusika



UPhiko lweziCishamlilo seluqinise umkhankaso walo wokuphepha emililweni ngesikhathi sasebusika ngenhloso yokunqanda imililo.
Isithombe: PUMLA KHWELA

**SANE SHANDU**

UMASIPALA weTheku usuqinise imizamo yawo yokuvikela izakhamizi ngokugxila ekunqandeni imililo engase idale umonakalo omkhulu ngaphambi kokuba kuze kwehle izinhlekelele kulesi sikhathi sasebusika. Njengoba amakhaza engena, imizi eminingi isiqalile isebenzisa ama-heater, amakhandlela, izitofu ze-paraffin nezingubo ezisebenza ngogesi ukuze ifudumale. Nakuba konke lokhu kuletha ukufudumala, kuyawandisa namathuba okuqubuka kwemililo, ikakhulukazi ezindaweni ezigcwele abantu nasemijondolo, lapho umlilo ubhebhetheka khona ngokushesha okukhulu. Ngokubona le ngozi ekhulayo, uPhiko lweziCishamlilo kuMasipala seluqale umkhankaso omkhulu wokufundisa ngezokuphepha ebusika, lapho luhambela khona abantu ngqo emiphakathini yabo. Lolu hlelo luhambela emiphakathini, ezikoleni nasezindaweni zomphakathi ukufundisa kabanzi mayelana nezindlela zokuzivikela. UMqondisi woPhiko lweziCishamlilo, u-Enock Mchunu, uthe ukuphepha emlilweni kuqala ngokuba nolwazi olwanele nangokubambisana. “Imililo eminingi iqala ngokwenza amaphutha amancane nje. Uma abantu bebuqonda lobu bungozi futhi bethatha izinyathelo ezilula zokuzivikela, singazigwema izinhlekelele sisindise nempilo,” usho kanje. Kukhuthazwa izakhamizi ukuba zibambisane nabezicishamlilo ukuze kwakhiwe imiphakathi ephephile. Izakhamizi zingabika imililo ku-031 361 0000.

# *Ukhuza ibuya owokuthungatha abazomodela embukisweni wemfashini*

**NONDUDUZO NGCONGO**

ZIYA ngokusondela izinsuku zombukiso waminyaka yonke, iDurban Fashion Fair (DFF), njengoba uMasipala usuwethule nohlelo lwawo lokuthungatha abazomodela luka-2026. I-DFF, egubha iminyaka ewu 15 yomsebenzi oncomekayo emkhakheni wezengqephu, isiphinde yavula ithuba kulabo abafisa ukumodela. Kumenywa abantu abasha kwinhlolokhono ezoba kusukela ngomhla ka-16 Meyi kuya ku-6 Juni ezindaweni ezahlukahlukene kulo lonke iTheku. Le mijikelezo yenhlolokhono izoqala KwaMashu, ehholo lakwaG ngomhla ka-16 Meyi, kulandele iDurban Botanic Gardens ngomhla ka-23 Meyi, uMlazi Mega City ngomhla ka-30 Meyi, bese iphothulwa ePavilion Shopping Centre ngomhla ka-6 Juni. Kuqalwa ngo-9 ekuseni kuya ku-4 ntambama kuzona zonke lezi zindawo. USihlalo weKomidi lezokuThuthukiswa koMnotho nokuHlela, uKhansela Thembo Ntuli, uthe lolu hlelo lufukula intsha. “Ngale mibukiso, sithatha amathuba siwayise ngqo emiphakathini ukuze siqinisekise ukuthi ithalente elisha linikezwa inkundla yokugqama. Simema bonke abafuna ukumodela ukuba beze kule mibukiso basebenzise leli thuba.” Abafisa ukuya kwinhlolokhono kumele babe phakathi kweminyaka ewu-18 newu-35, ubude buka-1.75m okungenani kwabesifazane no-1.84m kwabesilisa. Akumele bafake izimonyo, kumele bagweme ukugqoka ama-jean, futhi kumele baphathe omazisi ngqo noma amakhophi omazisi agxiviziwe. Uma unemibuzo, shayela ku-031 311 4500 noma uthumele i-email ku: nondumiso. mthembu@ durban.gov.za. Landela u-@Durban Fashion Fair kuzo zonke izinkundla zokuxhumana ukuze uthole eminye imininingwane.



Abebeyingxenye yeDurban Fashion Fair edlule bekhombisa ikhono labo esiteji. Lokhu kukhombisa iqhaza lale nkundla ekubumbeni amamodeli alungele ukusebenza kule mboni.
Isithombe: SITHUNYELWE

# Luyasebenza uhlelo olubhekele abahlwempu

**ROMITA HANUMAN-PILLAY**

UHLELO lukaMasipala lokweseka abahlwempu lusebenza ngokugcwele, futhi izicelo zabadinga usizo ziyacutshungulwa kuyimanje. Uhlelo i-Indigent Support Programme luhlose ukuvikela izakhamizi ezibhekene nobunzima bangempela bezezimali ngokuhlinzeka imindeni ehola kancane nempofu ngezidingo zikaMasipala zamahhala. Lezi zidingo zihlinzekwa ngokwenqubomgomo yabahlwempu, i-Indigent Policy, futhi zifaka ukwesekwa ngamanzi, ugesi, ukuqoqwa kukadoti, ukuthuthwa kwendle, nezinye izidingongqangi.

UMasipala ufisa ukucacisa ukuthi ushintsho lwakamuva lokuthuthela lolu hlelo ophikweni iRevenue Management Directorate luyingxenye yomzamo wokuthuthukisa ukusebenza kahle, isibopho sokuphendula, nokudidiyelwa kangcono kwezidingo.

Nakuba lolu shintsho luveze ukusilela emuva komsebenzi nezinye izinselelo, leli yithuba lokubhekana nalezi zinkinga ngendlela ehlelekile. Uhlelo lwangaphakathi lokubuyekeza umsebenzi luyaqhubeka ukuze kuhlolwe inani lezicelo ezingaphothuliwe kuze kube yimanje, uma zikhona. Kunezinyathelo ezisheshayo ezithathwayo, okufaka:

- Ukuqiniswa kwendlela yokuhlola izicelo ngokwengeza abasebenzi abazokwenza lo msebenzi
- Ukubekwa eqhulwini kwezicelo ezingaqediwe, ikakhulukazi lezo ezithinta amakhaya angekho esimweni esihle
- Ukuhlolwa nokubuyiselwa kwezinsiza uma izicelo zahlolwa ngaphambilini kodwa izinsiza zabahlomuli zanqamuka
- Ukusheshiswa kwezinhle lo zokugcinwa kwamarekhodi ngobuchwepheshe nokwenza izinhlelo zokulandelela izicelo zibe ngezesimanjemanje.

Mayelana nokunqanyulwa kwezidingo, izinqubomgomo zikaMasipala zilawulwa wukusimama ngokwezezimali nesibopho sokusiza umphakathi. Labo abanezicelo ebezingakaphothulwa bayanxuswa ukuba bavakashele ezikhungweni zikaSizakala eziseduze.

ETHEKWINI MUNICIPALITY
IZINGA LOKUPHEPHA KWAMANZI EMABHISHI
SKENA LAPHA
UTHOLE IMIPHUMELA YAKAMUVA YEZINGA LOKUHLANZEKA KWAMANZI EMABHISHI.
VAKASHELA KU-www.durban.gov.za
NOMA BHEKA IMIPHUMELA YOKUHLOLWA KWAMANZI OQWEMBENI LWEZAZISO EMABHISHI.

# Ukubekezela kushintshe impilo yomfundi waseMUT

IZINSELELO ezabhekana nomfundi waseMangosuthu University of Technology, azimqedanga amandla nothando lwempumelelo.

Lowo nguSibongiseni Mabaso waseMlazi, ofisa ukuvulela isifuba abafundi bale liphephandaba ngohambo aseluthathile ekulungiseleleni ikusasa eliqhakazile. "Belungelula neze uhambo lwami kodwa ngokuzimisela, ukubekezela nokuthanda impumelelo ezoshintsha impilo yami neyomndeni." uSibongiseni.

Le libhungu eliphothule izifundo zeQuantity Surveying ne Construction Management.

Uthi wabhekana nezinkinga zezimali esafunda, ingcindezi yezifundo kanye nezinkinga zempilo kodwa phezu kokuba kunjalo akaliphonsanga ithawula, wayibamba ishisa injalo.

Uthi yize esephothulile, impilo ayilula neze njengoba eyivolontiya eVGK Holdings eyakha indawo yokuhlala abafundi e_University of KwaZulu_Natal.

Yize kungakabi wumsebenzi awufisayo lona awenzayo, uyakujabulela ukuthola ulwazi nokukhula kwezokwakha.

Uthi inselelo yakamuva ngeyokuthola umsebenzi azozinza kuwo futhi azimele ngakwezezimali.

Impumelelo uthi ayigcini ngokuzuza okufunayo kodwa ingokungapheli amandla phakathi nendawo.

Uphothule ngokuthi indaba yohambo lwakhe kufanele ikhuthaze bonke abaphokophelele impumelelo.



Kwesokudla Njabulo Mabaso ohlala eMlazi ungudokotela ohlonishwayo, aphinde abe umsunguli wesikole esiyisipesheli eMlazi. Phakathi nendawo usingaye Sibongiseni Mabaso, kwesokunxele Nkululeko Kubheka uhlala phakathi enkabini yeTheku ungunjiniyela wezimboni futhi usebenze kwaSAPREF.



UNkkz Phindile Mabaso ongumphathi wamatekisi Amandlomyeni Transport Tours ehalalisela indodana yakhe uSibongiseni Mabaso ngokubuya neziqu ze-Quantity Surveying ne Construction Management eMUT eMlazi.
***Izithombe: Louise Phama***

# I-Coastal KZN TVET College ibinengxoxo (dialogue) nombukiso wezinhlelo zayo









**UDABA LUTHUNYELWE EThekwini**

**I-COASTAL KZN TVET College isanda kubamba ingxoxo (dialogue) nabaxhasi kanye nabezindaba esikhungweni sayo esise Thekwini (Durban Campus) nalapho bekudingidwa khona izindlela lesi sikhungo esizoqhubeka sisebenzisane ngazo nezinhlaka ezahlukene.**

Emva kokuba loyo olibamba kwesokuphatha kulesi sikhungo uNkk IT Msimang amukele izihambeli, ube esethula inkulumo yakhe, waqhakambisa ukubaluleka kokubambisana phakathi kwazo zonke izinhlaka ezithinta inqubekela-phambili yalesi sikhungo. Ubuye wabalula ukuba semqoka kokuxhumana okuvulelekile (open communication) nokusebenzisana ukuze kwethulwe imfundo eseqophelweni eliphezulu kulesi kolishi.

Ingxoxo yangalolu suku ibuye yaba nesigungu songoti abane (panel-discussion) abakhulume kabanzi ngodaba lwe-Sector Education and Training Authority (SETA) kanye ne-Quality Council for Trades and Occupations (QCTO) nezinhlelo ezethulwa yilezi zinhlaka ezikhungweni ezingama-TVET Colleges.

Kubuye kwaba nesikhathi lapho abebehambele le ngxoxo behlukaniswe ngamaqoqo, nalapho bedingide khona kabanzi izihloko abebenikezwe zona, phambi kokuba babuyele bonke ehholo ukuzokwethula umbiko ngabebekudingida.

Ngaphandle kwasehholo, bekunombukiso obekukhangiswa kuwona imisebenzi eyenziwa abafundi abasemikhakheni eyahlukene kulesi sikhungo.

■ **I-Coastal KZN TVET College inama-campus angu-8: ekwa-V eMlazi, ekwa-BB eMlazi, eseWema (Swinton Road), eKwaMakhutha (Umbumbulu), eseThekwini (Umbilo), uBuhle Bogu (South Coast), ese-Braemer / Umzinto (As Salaam) kanye nase-Appelsbosch (Ozwathini).**





# Ivalwe ngegiya eliphezulu i-Africa Travel Indaba

IDOLOBHA laseThekwini likhombise ngokusobala ukuthi lihamba phambili ekugqugquzeleni umbukiso waminyaka yonke i-Afrika Travel Indaba ebibanjelwe e-Albert Luthuli International Convention Centre (ICC) eThekwini muva nje.

Lombukiso odonse izihambeli eziqhamuka emazweni omhlaba ahlukene, isiqubulo sawo besithi: Ukukhuliswa komnotho wase-Afrika ngokungenamkhawulo (Unlimited Africa: Growing Africa's Tourism Economy).


Inhloso enkulu yalombukiso ngowokuqhakanjiswa kwezamabhizinisi, ezokuvakasha kanjalo nokuqonda kangcono imikhiqizo yamazwe ngamazwe.

Njengoba lo mbukiso ubuvamise ukukhonjiswa emadolobheni kodwa kulo nyaka kuphakanyiswe ukuthi uyiswe emalokishini nasemakhaya ukuze kukhuphuke amabhizinisi amancane (SMME's) alezo zindawo.

Iphini likaMqondisi wezokuVakasha kuMasipala weTheku, uNksz Winile Mntungwa uthe ukuzethemba okukhonjiswe yizithunywa, abathengi, abezindaba, ababambe iqhaza bamazwe ngamazwe kuqinisekisa ukulungela kweTheku ukusingatha imicimbi esezingeni lomhlaba.

"Lokhu kuzogqamisa ukusetshenziswa kwengqalasizinda yethu eqinile, ukwamukela izivakashi, ezokuthutha nokukhula kwamazinga okuphepha.


"Okusithokozise kakhulu izinga elikhonjiswe ngababambe iqhaza kulo nyaka abaqhamuka emhlabeni jikelele, ukuqalwa kwezivumelwano zokusebenzisana nobudlelwano besikhathi eside," kusho uNksz Mntungwa.




UMENGAMELI weZwe uMnuz Cyril Ramaphosa othe ikusasa lezokuvakasha alikho nje kuphela ezindaweni ezidumile, kodwa lisekusungulweni kwezinto ezintsha nokuxoxa izindaba zendawo.




UNGQONGQOSHE wezokuVakasha kuzwelonke uNkk Patricia De Lille uthi bazohlala bezibophezele ekuqinisekiseni ukuthi zonke izivakashi zase-Afrika, izisebenzi, abafundi, nosomabhizinisi bazizwa bephephile, behlonishwa futhi bamukelekile ezweni lethu. Ezokuvakasha zihamba kahle lapho kunobumbano isithunzi, nokuhloniphana.




IMEYA kaMAsipala weTheku uMnuz Cyril Xaba uthi ukuphepha kwezokuvakasha kubalulekile ezinhlelweni zokusimama nokukhula kweTheku njengoba lisingatha izinkulungwane zezithunywa zezokuvakasha abathengi nabezindaba abavela emhlabeni wonke kwi-Afrika Travel Indaba, okwenza kugxilwe kakhulu ekubalulekeni kwezindawo zokuvakasha eziphephile, ezamulekayo nezilungele ukutshalwa kwezimali.




UNDUNANKULU waKwaZulu-Natali uMnuz Thami Ntuli ugcizelele ukuzibophezela kwesifundazwe ekuqiniseni ingqalasizinda yezokuvakasha, ukuthuthukisa ulwazi lwezokuvakasha nokubeka iKwaZulu-Natal njengendawo ehamba phambili ekutshalweni kwezimali kwezokuvakasha e-Afrika.



UNGQONGQOSHE wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo KwaZulu-Natali uMfundisi Musa Zondi, uchaze i-Afrika Travel Indaba njengenye yenkundla yezomnotho ebalulekile kakhulu esifundazweni.

BT NEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

## IMBOKODO IVEZA AMAGALELO WAYO

BT NEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

# Bafukula umnotho wasemalokishini ngamabhizinisi angavamile kwabesimame

Hollywood bets

***ABASIKI bengqephu baseThekwini bayaqhubeka nokuzibhalela imithetho yabo yezemfashini njengoba belenyusa minyaka yonke izinga lemisiko. Baphendula izimpahla zibe izitatimende, onke amehlo athi njo kuwe abantu bemangazwa ubuhle bezimpahla ozogqokile. Okubenza behluke kakhulu kwabanye ukuthi wonke umsebenzi bazibambela bona mathupha, kusukela ekukhetheni izindwangu, imidwebo, kanye nemikhiqizo ephelele. Lokhu sekubafake shiqi emabhukwini omlando ngoba izizukulwane ezizayo ziyobe zilandela ezinyathelweni zabo. Kubo kubalwa laba abathathu abakhulume neBT News:***

## Sibu Msimang (Sibu Msimang Clothing)

Ukuthemba uSibu ukuba ekuthungele akugcini kuphela ngokukwenza ube muhle uma ususwenkile, kepha uphinde ube ingxenye yedlanzana labakhethekile kuleli njengoba sekunenqwaba yosaziwayo aseyigqokisile kubo okubalwa uDkt Precious Motsepe-Moloi kanye noPenny Lebyane. Yonke imisiko yakhe ihambelana nengqikithi yosuku, okusho ukuthi ngisho ngabe uya kunoma imuphi umcimbi wonke umuntu uzobe ejika nawe. Njengoba eseneminyaka engaphezu kwengu-20 kwezemfashini, akukho nokukodwa okungenza ukuthi uzisole ngokusebenzisana naye ngoba lo mkhakha usewazi njengoba ezazi yena. Uma uphuthuma uyakwazi nokuthenga imisiko esikhona esitolo asebenzela kuso iThe Fifth eseGlenwood Village. Utholakala **ku-078 565 8182.**

SM SIBU MSIMANG





## Pamella Nkosi (Ndlunkulu the Queen)

Ngeke ube muhle ngokuphelele ngosuku lwakho lomshando uma ungathwele i-bridal crown eyenziwe ile nkampani ezinze ePinetown. INdlunkulu the Queen yenza usuku lwakho luphelele ngokukwenza ube nokuzethemba ukuthi uwena umuntu wesifazane omuhle kunabo bonke ngosuku lwakho olukhulu. "Sikwenza uzizwe njengondlunkulu. Bonke asebeke baba amakhasimende wethu abawuvali umlomo ngomsebenzi wethu. Lokhu kungenxa yokuthi imikhiqizo efana neyethu ngeke uyithole kwenye indawo," kusho uPamella. Izinga eliphezulu lo msebenzi wakhe selimuvulele amathuba okuyokhangisa ngawo kwi-Africa Fashion Week eyayiseLondon nakwiMidwest Fashion Week. Utholakala **ku-076 440 1351.**

NDLUNKULU THE QUEEN CROWNS OF GLORY AND HONOUR







## Zandile Mchunu (Ebz Accessories)

Ukugqoka uconse kepha ungenayo imihlobiso kungakwenza uzizwe enegathi awuswenkile ngokuphelele. I-Ebz Accessories iyalivala lelo gebe ngemihlobiso yayo eyenziwe ngesikhumba, izingodo, nangobuhlalu. "Siyazigqaja ngokuqinisekisa ukuthi umsebenzi wethu usezingeni ngezikhathi zonke, ngendlela efunwa ikhasimende," kusho uZandile owasungula le nkampani ngo-2022. Banemikhiqizo ehambisana nazo zonke izindlela zokugqoka. UZandile utholakala **ku- 060 403 4198**

EBZ HANDMADE ACCESSORIES





# I-Kaizer Chiefs yethula iqembu elisha labesifazane

I Kaizer Chiefs seyethule ngokusemthethweni iqembu labesifazane elizobizwa nge Kaizer Chiefs Ladies, ekuchaza njengesinyathelo esibalulekile ekukhuliseni amathuba abesifazane emdlalweni webhola.

Iqembu liveze ukuthi lizoba nabadlali abangu- 24 abahlanganisa abadlali abanamava kanye nentsha enekhono.

Leli qembu lizoholwa ngumqeqeshi u- Unathi Mabena, esizwa umsizi wakhe uJustice Khunou, kanti imidlalo izodlalelwa eKaizer Chiefs Village nakwa-Thema Stadium.

Iqembu lithe ukwethulwa kweKaizer Chiefs Ladies kuyingxenye yokwakha amathuba nendlela ecacile yokuthuthukisa abadlali besifazane ebholeni, kuphinde kuhlonishwe umsebenzi owenziwe ngabaholi bomdlalo wabesifazane okubalwa kubo iqembu iSprings Home Sweepers kanye nomholi webhola uJoseph Mkhonza, ababe negalelo elikhulu ekuthuthukiseni ibhola labesifazane eNingizimu Afrika.



IKAIZER Chiefs Ladies ezogijima kwiSasol League okunamathemba amakhulu ngayo ngokutholakala kwabaxhasi kule ligi.



ABADLALI beMamelodi Sundowns bekhombisa ngendebe ye_Africa Champions League ehambisana nenkanyezi yesibili kwazise sebeyinqoba okwesibili lendebe

## ISundowns isinendondo yesibili ye_CAF Champions League

**Nash Ngcobo**

IBAFANA Bafana izotheleka kwiNdebe yoMhlaba igcwele ukuzethemba ngabadlali abanqobe izicoco ezinkulu ekhaya.

Labo badlali abeMamelodi Sundowns enqobe iCAF Champions League ngokwehlula i_ASFAR ngo_2_1 eRabat eMorocco.

Kwenzeka lokhu nje i_Orlando Pirates inqobe isicoco seBetway League emva kokwehlula i_Orbit College ngo_2_0.

Okubuhlungu nge_Orbit wukuthi isidliwe yizembe kanti lamagoli abe ngumkhonto ogwaze ekhaya.

Ukunqoba kwePirates kuyenze yaqopha umlando ngokuba yiqembu lokuqala ukunqoba izicoco ezintathu okwesithathu ngesizini eyodwa kwiPremier Soccer League.Ukuphakamisa kwePirates lendebe kuqede indlala yeminyaka eyi_14 iyizwa ngendaba

UTebogo Mokoena oqokwe njengomdlali wosuku kule final uthi libe yimpumelelo iphupho lakhe lokuqukula le ndebe.

Uqokwa nje yigoli lakhe lokulinganisa alishaye ngomzuzu wama_45, nokuyilona eliphumelelise iSundowns.

]Injabulo nokuhloniphana kubadlali nasebuholini beqembu, yizona zinto ezilethe indondo yesibili yobumpetha be_Africa Champions League eChloorkop.

Eyokuqala bayinqobe ngo_2016 iqeqeshwa nguPitso Mosimane.

URonwen Williams nobuholi beSundowns bahloniphe uThemba Zwane ngokumnika ibhande lobukaputeni ukuze aphakamise lendebe.

Nakuba uZwanebengene sekusele umzuzu owodwa uphele umdlalo, umoya wobunye nokulwela impumelelo uyisebenzele iSundowns.



